KWAZULU-NATAL PROVINCE
HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# ITHUBA LEZINDLU: UKUKHISHWA KWEZIZA ESEZINAZO ZONKE IZIDINGONGQANGI KUMASIPALA INKOSI LANGALIBALELE (UMKLAMO WEZIZA ESEZINAZO ZONKE IZINDINGONGQANGI WASEWEMBEZI B) (WEMBEZI B SERVICED SITES PROJECT)

UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu weSifundazwe saKwaZulu-Natali kanye noMasipala Inkosi Langalibalele basezinhlelweni zokukhipha iziza eziningi esezinazo zonke izidingongqangi eziseWembezi B. Lapha kumenywa umphakathi ukuba ufake izicelo zokuthola lezi ziza esezinazo zonke izidingongqangi kuMasipala Inkosi Langalibalele. Abantu abanentshisekelo yokuthola lezi ziza bazosayina inkontileka noMthuthukisi Wendawo oqokiwe.

Umklamo weZiza Esezinazo Zonke Izindingongqangi waseWembezi B ungumklamo woMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu waKwaZulu-Natali, ngakho-ke kuzosetshenziswa iNqubomgomo emaqondana Nokwabiwa Kwezindawo yoMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu waKwaZulu-Natali ukucubungula izicelo.

Kuzosetshenziswa le nqubo elandelayo ukuhlola abahlomuli abafanelelkile:

- ✓ Kumele ube ngumuntu osehlale eWembezi okungenani isikhathi esiyiminyaka emihlanu.
- ✓ Kumele ube ngumuntu osehlale ngaphansi kukaMasipala Inkosi Langalibalele okungenani isikhathi esiyiminyaka emihlanu.
- ✓ Kumele ube ngumuntu osehlale ngaphansi kukaMasipala Wesifunda UThukela okungenani isikhathi esiyiminyaka emihlanu.
- ✓ Kumele ube yisakhamuzi saseNingizimu Afrika futhi ube nomazisi osemthethweni.
- ✓ Kumele ube neminyaka yobudala eyi-18 noma ngaphezulu.
- ✓ Kumele ube ngumuntu oshadile noma onomlingani ahlalisana naye, noma-ke uma ungashadile ube nabantu obondlayo.
- ✓ Kumele ube ngumuntu ongesiye umnikazi noma ongakaze abe ngumnikazi wendawo engagudluki.
- ✓ Kumele kube bewungakaze uthole uMxhaso Wezezindlu kaHulumeni phambilini noma iSibonelelo Sezindlu [kubandakanya esivela ku-Independent Development Trust].

Ngaphezu kwalokhu okungenhla, abafakizicelo abafanelekile kuyodingeka ukuthi bakhokhe imali enqunyiwe yokuthola isiza kuMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu waKwaZulu-Natali kanye nakuMasipala Inkosi Langalibalele, ngemuva kokugunyazwa kwe-Bond. Ngaphezu kwalokho, abafakizicelo kumele babe nalezi zimfanelo ezilandelayo:

- ✓ Imali engenayo ekhaya yawo wonke umuntu isihlangene kumele ibe phakathi kwama- R3 501.00 kuya kuma- R40 000.00
- ✓ Umfakisicelo/ umuntu ohlomulayo kumele alethe ubufakazi bokuthi ngeke ahluleke, kuzohlala kunguye umnikazi.
- ✓ Umfakisicelo kumele abe nesidingo esizwakalayo sokwakhelwa indlu ngenhloso yokuhlala,
- ✓ Umfakisicelo kumele azibophezele ukungena esivumelwaneni noMthuthukisi weNdawo oqokiwe.

**Abantu ababona ukuthi bafanelekile ukuhlomula kulo mklamo bayanxuswa ukuba balethe izicelo zabo HHAYI KWENYE INDAWO kepha KUPHELA kuMasipala iNkosi Langalibalilele, ku-1 Victoria Street, Estcourt (bazifake ebhokisini laMathenda elisendaweni yokwamukela izivakashi) <u>NGAPHAMBI KWA-12h00 KU 30 LWEZI 2021.</u>**

**Amafomu okufaka isicelo atholakala emahhovisi kaMasipala (1 Victoria Street, Estcourt) nakulezi zizindalwazi: www.kzndhs.gov.za & www.ilm.gov.za.**

Ifomu lokufaka isicelo kumele lihambisane namakhophi alokhu okulandelayo:

- ✓ Umazisi/ izitifiketi zokuzalwa zalabo obondlayo
- ✓ Isitifiketi somshado/ Amaphepha Esehlukaniso
- ✓ Ubufakazi bendawo yokuhlala
- ✓ Ubufakazi bemali engenayo

**Uma unemibuzo uyacelwa ukuba uxhumane noMnu Fairoz Shaik ku-036 352 2353 noma uNksz Nolwazi Ndlovu ku-031 336 5226**